basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**2018**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-13.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha

3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.

4. Dweba umugqa emuva kwesiqephu ngasinye.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-50 |

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (Ofundwayo)**

### I-DURBAN JULY

1 I-Durban July wusuku lomjaho wamahhashi owaqala kudala eminyakeni ye-1800. Lo mjaho uhlonishwa kakhulu emhlabeni wonke. Lokhu kwenza izwe laseNingizimu Afrika libe phambili uma kuqhathaniswa imincintiswano yemijaho yamahhashi enjengo-Kentucky Derby no-English Derby. Lo mjaho uba sesiFundazweni saKwaZulu-Natali edolobheni laseThekwini. Wenzelwa e-Greyville Racecourse ngoba inkundla yakhona yinhle futhi ivumela amahhashi ukuba agijime ngokukhululeka.

2 I-Durban July yenziwa kanye ngonyaka, ngenyanga kaJulayi ngoMgqibelo wokuqala ngoba kusuke kuyisikhathi sasebusika. Umjaho wokuqala wabizwa ngokuthi yi-Durban Winter Handicap, waba ngonyaka we-1897. Ngaleso sikhathi amahhashi ayegijima ibanga elingama-1600m. Ihhashi elawina ngalowo nyaka kwakungu-Campanajo.

3 Emva kweminyaka engama-31, ngonyaka we-1928 igama lomjaho lashintshwa kwathiwa yi-Durban July Handicap. Waqala manje lo mjaho wadinga imali eningi. Ngonyaka we-1963, inkampani yakwa-Rothmans edayisa ugwayi yawuxhasa/yaweseka lo mjaho. Igama lase liyashintsha wabizwa nge-Rothmans July Handicap. Ibanga eligijinywa amahhashi nalo lashintsha laba ngama-2200m. Igama elithi Rothmans July lahlala isikhathi eside laze lashintshwa lapho kuguqulwa imithetho yokukhangiswa kukagwayi. Ngonyaka we-1989 abanikazi benkampani kagwayi babona ukuthi kungcono bahoxe/bayeke ukweseka lo mjaho ngemali. Kwaba nzima ngoba base beweseke iminyaka engama-38.

4 Kusukela ngonyaka wezi-2000 kwangena abaxhasi abasha benkampani yakwa-Vodacom bezoxhasa lo mjaho, lase igama lishintshwa-ke nalo labizwa nge-Vodacom Durban July. Amagama noma eshintsha kodwa isikhathi nosuku lwalo mjaho akushintshanga. Ngonyaka wezi-2004 iNingizimu Afrika yayigubha iminyaka eyi-10 yathola umbuso wentando yeningi (democracy). Lokhu **kwakuyingqayizivele** ezweni lonke. Inkampani yakwa-Vodacom nayo yenza izindwangu ezinemibala yefulegi laseNingizimu Afrika. Lezi zindwangu zazizobekwa ezihlalweni zawo wonke amahhashi ayezobe egijima ngalowo nyaka. Isimanga esenzeka ukuthi ihhashi elaphuma phambili emjahweni omkhulu lalinenombolo ye-10, u-Greys Inn. Ngonyaka wezi-2010 awubanga khona lo mjaho ngoba izwe laseNingizimu Afrika lalisingethe (hosting) imidlalo yeNdebe yoMhlaba.

5 Ukudlala amahhashi akudingi ulwazi olukhulu kakhulu. Umuntu uzikhethela ihhashi abona ukuthi lizowina. Ungakhetha emijahweni oyithandayo nesibalo osithandayo samahhashi. Imijaho iba yi-12 ngalolu suku kodwa okuyiwona omkhulu owesi-7. Imiklomelo yemali nayo ihlukene. Kunabantu osekwabangena egazini ukubhethela (bat) amahhashi. Abantu abadlala amahhashi babizwa ngokuthi ngamaphanta kanti abawagibelayo bona ojokhi. Ihhashi elibhethelwe kakhulu kuthiwa imfivilithi (favourite). Imijaho ihlukaniswa imizuzu engama-35 kuya kwengama-45.

6 Ngaphandle komjaho wamahhashi kuningi okwenziwayo ngalolu suku. UMnyango wezoKuvakasha (Department of Tourism) sewaluthatha lolu suku lwaba olokuthuthukisa abathungi (fashion designer) nabakhangisi bemfashini/bengqephu abasaqalayo. Abathungi baqala amalungiselelo ngenyanga ka-Ephreli ngokuthumela izicelo zokungenela lo mncintiswano/mqhudelwano. Ekuseni ngaphambi komjaho wokuqala kuba khona umncintiswano wemfashini. Kubhekwa ukuthi yimuphi umthungi **obashaye emakhanda** ngokulandela i-*theme* yangalowo nyaka. Osaziwayo bemfashini babamba iqhaza elikhulu ngoba yibona abakhangisa kakhulu ngengqephu ehlukene yasezweni laseNingizimu Afrika. Konke abakugqokile kuhambisana nezigqoko ezinhlobonhlobo.

7 Kulo mjaho kusizakala nosomabhizinisi abancane. Bahlobisa amatende abo kube sengathi amahhotela aphambili. Lapha kubhekwa ukuthi yiliphi itende elihle kunawo wonke bese lithola umklomelo (prize). Ayikho inhlobo yeziphuzo nokudla esuke ingekho kula matende. Kuba khona abaculi kanye no-DJ abahlukene. Ukungena kula matende **kukhetha iphela emasini** ngoba kufanele ube nemali yokuthenga ithikithi elisuke libiza imali enkulu. Osaziwayo abaphezulu banikwa amathikithi mahhala ukuze kukhuphuke izinga lalelo nalelo tende. Abantu basuke **bengamapigogo** uqobo. Akekho osuke ezibeke phansi ngengqephu. Abangenamali yokuthenga amathikithi okuhlala kula matende bathenga amathikithi okuhlala ezitebhisini zenkundla yokubuka amahhashi noma otshanini.

8 Esikhathini samanje kunabantu abayizi-50 000 abahambela lo mjaho. Amaphoyisa aba maningi ukuze amaphanta nabazozijabulisa baphephe.

[Wikipedia-DVJ yase iyahunyushwa]

1.1.1 Waqala ngamuphi unyaka umjaho wamahhashi? (1)

1.1.2 Wenziwa ngaluphi usuku nenyanga lo mjaho? (2)

1.1.3 Bhala amagama AMABILI emijaho esike yagijinywa eGreyville Racecourse. (2)

1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Umthungi obashaye emakhanda kusho …

A othunge ingubo nesigqoko.
B ogqokisa osaziwayo.
C ophume phambili.
D oswenke kakhulu. (1)

1.1.5 Bhala okufanayo phakathi kwehhashi u-Campanajo no-Greys Inn. (2)

1.1.6 Ngaphandle komjaho wamahhashi yikuphi okunye okwenziwayo ngalolu suku lomjaho? Bhala OKUBILI. (2)

1.1.7 Tomula umusho esigabeni sesi-7 ositshela ukuthi abantu bathanda ukubukwa. (2)

1.1.8 Kwaba namthelela muni ukuguqulwa kwemithetho yezikhangisi zikagwayi? (2)

1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenziswe endabeni:

(a) Lokhu **kwakuyingqayizivele** ezweni lonke. (2)

(b) Ukungena kula matende **kukhetha iphela emasini**. (2)


1.1.10 Ukusingatha iNdebe yoMhlaba ngonyaka wezi-2010 kwakuzowuphazamisa kanjani umjaho wamahhashi? (2)

1.1.11 Phawula ngobuhle nobubi bokubhethela amahhashi. (2)

1.1.12 Uyavumelana yini nokuthi uma lo mjaho ungaphela isimo somnotho saseNingizimu Afrika singehla? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa endabeni. (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO B (Obukwayo)**




[Izithombe zicashunwe ku-www.googlecartoons.com]

1.2.1 Bhala izinhlobo EZIMBILI zokukopela ezisetshenziswa ngabafundi abasesithombeni. (2)

1.2.2 Yisiphi isithombe lapho kungelula ukuthi abafundi bakopele? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.3 Ngokucabanga kwakho yiziphi izizathu EZIMBILI ezingenza umfundi osesithombeni-F alale? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngongakwenza ukugcina abantwana bephephile.

### IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

### UMBHALO C (Ofundwayo)

**ESINGAKWENZA UKUGCINA ABANTWANA BEPHEPHILE**

Kuningi esingakwenza ukuvikela abantwana ukuze bahlale bephephile. Abazali kufanele babe nesiqiniseko sokuthi izingane zabo ziyawazi amalungelo azo. Lokho kuzokwenza abantwana bakwazi ukubona uma kukhona ohlukumeza ilungelo labo emindenini, ezihlotsheni nasemphakathini.

Abazali abaningi bahlale bengenaso isikhathi ngoba bayasebenza. Lokhu kwenza ukuthi bangazi ngezinto ezihlupha abantwana babo. Abazali mabazinike isikhathi esanele nabantwana ukuze bazi izinto ezibaphazamisayo empilweni. Lokho kuzokwenza bakwazi abantwana ukukhuluma ngazo, bathole ukwelulekwa. Akufanele abantwana bahambe bodwa bengagadiwe. Ukuhamba ngamaqembu ezindaweni eziphithizelayo, ukuya esikoleni nakwezinye izindawo kuyasiza. Sekwandile ukuntshontshwa kwabantwana namhlanje.

Abazali abasebenzayo bavamise ukuqasha abantu ababagadela izingane. Kumele bathathe imininingwane egcwele yalaba bantu futhi babaqashe ngokusemthethweni. Kuyasiza lokhu uma ufika umuntu esehambe nengane yakho ngoba kuba lula nokuyobika emaphoyiseni. Ezikoleni abantwana abahamba ngezimoto kufanele bahlale ngaphakathi uma izimoto zingakafiki. Kufanele kube khona umqaphi obagadile ngaso sonke isikhathi. Umshayeli makangene ngaphakathi esikoleni uma ezolanda abantwana.

Abazali kufanele bathole imininingwane egcwele uma abantwana bezohamba nesikole. Kuyasiza lokhu ukuze baxhumane nabantwana, bazi ngokuphepha kwabo. Abazali mababe nolwazi ngezinto abantwana abazibukayo nabazisebenzisayo kwezobuchwepheshe. Mabakwazi ukulawula izinto ezibukwa yizingane zabo. Qinisekisa ukuphepha kwabantwana bakho ngaso sonke isikhathi.

[Umbhalo wokuziqambela]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)

**JOYINA**
**5000+**
**WEZITSHUDENI**
**ESEZIPHUMELELE**
**e-IQ ACADEMY**




**ISIKHATHI SAKHO SIMANJE!**
**SHINTSHA IMPILO YAKHO NAMHLANJE!**

Funda usekhaya ngesivinini sakho.

| **HIGHER CERTIFICATE NQF LEVEL 5:** | **BUSINESS SHORT COURSES:** |
|---|---|
| • Business Management.<br>• Marketing Management. | • Tourism and Hospitality Management .<br>• Public Administration-Government Sector. |

**Bhalisa manje!**
Yiba sethubeni lokuwina eyakho ingxenye yama-**R100 000** emifundaze.

Uthola ukwesekwa ezifundweni.
Izifundo azimbi eqolo.

Thumela u-'Please call me' ku-083 280 6079

www.iqacademy.ac.za
*fb@IQ-Academy*
*twitter@IQAcademySA*

[Sicashunwe ephephandabeni Isolezwe Meyi 2017 sase siyahunyushwa]

3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi esingenhla? (1)

3.2 Bhala izifundo EZIMBILI ongazifunda e-IQ Academy. (2)

3.3 IQ Academy ayinazo izindawo ezakhelwe ukuba abafundi bafundele kuzona zonke izinsuku. Sekela lesi sitatimende ngokubhekisa esikhangisweni. (2)

3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Ukumba eqolo kusho …

A ukubiza imali encane.
B ukubiza imali enkulu.
C ukukhokha ngekhadi.
D ukungakhokhi lutho. (1)


3.5 Yiliphi isu/icebo elisetshenziswe abakhangisi ukugqugquzela abantu ukuba bazofunda e-IQ Academy? Bhala OKUBILI. (2)

3.6 Ngokucabanga kwakho yini okumele yenziwe umfundi ofisa ukubhalisa e-IQ Academy ukuqinisekisa ukuthi lesi sikhungo sisemthethweni? (2)
**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)**




[Sicashunwe kwi-Ilanga LangeSonto Juni 2017]

4.1 Bhala ELINYE igama elisho okufanayo naleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

**Kufe** ohobo kudutshulwa epaki. (1)

4.2 Yiluphi uphawu olusetshenziswa uSporo olukhombisa ukuthi akasayithandi impilo yokuba uhobo? (1)

4.3 Ubani oseyamukele kakhulu kunabanye impilo yokuba uhobo? (1)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Umcabango kaWeza uqukethe hlobo luni lwesifengqo?

A Isifenyiso
B Ukwenzasamuntu
C Isifaniso
D Indida (1)

4.5 Umuntu onjani obizwa ngohobo? Bhala OKUBILI. (2)

4.6 Tomula igama elinomqondo wokwenzana elitholakala kule khathuni bese ulisebenzisa emshweni ozozakhela wona. (2)

4.7 Ngokucabanga kwakho abantu bayazikhethela impilo yokuba ohobo? Sekela impendulo yakho. (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (Ofundwayo)**

'Ki!ki!ki! Kwakuhle kwethu!,' kumemeza uMaSishi. Namhlanje wusuku olukhulu lomshado wesiNtu ophakathi kukaLanga noZandile. ULanga nomndeni wakhe balandela wonke amasiko. UZandile uzothwala iduku ekhanda njengoba esezoba **umakoti** wakwaNtuli. Kuzomsiza lokhu ngoba **unezimvu** ekhanda. ULanga unguSolwazi kanti uZandile yena unguDokotela. Bobabili basebenza enyuvesi eyodwa. Umukhwe kaLanga wayengafuni indodakazi yakhe ishade.

Yomibili le mindeni **ayidli imbuya ngothi**. KwaNtuli kunesibaya esikhulu. Abantu abaphelezela umkhwenyana bonke bavunule ngamabheshu. Umthimba wona uhlobe ngobuhlalu obunhlobonhlobo. UMaMokoena angeke eze emshadweni wendodakazi yakhe. Awu Nkosi yami! Kubuhlungu ukungawuboni umshado wengane yakho. Lokhu kwehla kanzima kuMaMokoena ngoba yena akawalandeli amasiko amaZulu.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Bhala umusho olandelayo ube inkathi edlule.

ULanga nomndeni wakhe balandela wonke amasiko. (1)

5.1.2 Bhala izifinyezo zala magama abhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

ULanga ungu**Solwazi** kanti uZandile yena ungu**Dokotela**. (2)

5.1.3 Bhala ubulili besifazane begama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo bese usebenzisa impendulo yakho emshweni ozakhele wona.

**Umukhwe** kaLanga wayengafuni indodakazi yakhe ishade. (2)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Ukudla imbuya ngothi kusho …

A ukuhlupheka.
B ukushada.
C ukuvunula.
D ukuceba. (1)

5.1.5 Gcwalisa izikhala ngamagama owanikwe kubakaki:

[umlobokazi, umthimba, ikhetho, umukhwe]

(a) Abantu abaphelezela umkhwenyana kuthiwa … (1)
(b) Elinye igama elisho umakoti … (1)

5.1.6 Zisetshenziswa uma kunjani lezi zibabazo ezilandelayo:

(a) 'Ki!ki!ki! Kwakuhle kwethu!' (1)
(b) Awu Nkosi yami! (1)


5.1.7 Lungisa amaphutha kulo musho olandelayo:

Untuli ufuye izinkomo, izingulube izimbuzi eziningi. (2)

5.1.8 Sebenzisa igama 'izimvu' emshweni ukuze liveze umqondo ohlukile kulo osesiqeshini. (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)**




| Isithombe soku-1 | Isithombe sesi-2 |
|---|---|

[Isithombe sicashunwe ku-www.googlecartoons.com]

5.2.1 Yini eyenza uThuli athethise uZipho esithombeni soku-1? (2)

5.2.2 Tomula amazwi kaThuli akhombisa ukuthi uyamnakekela uZipho. (2)

5.2.3 Bhala igama elimqondophika naleli elidwetshelwe esithombeni soku-1 bese usebenzisa impendulo yakho emshweni. (2)
**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**